## IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZIMBILI:

   ISIQEPHU A: Indaba: 50 amamaki
   ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo: 2 x 25 = 50 amamaki
   QAPHELA: Kumele uphendule imibuzo EMIBILI kulesi siqephu.

2. Kulindeleke ukuba uphendule umbuzo OWODWA esiqeshini A, kanye NEMIBILI esiqeshini B.

3. Bhala usebenzise ulimi ohlolwa ngalo.

4. Qalisa umbuzo NGAMUNYE ekhasini ELISHA.

5. Bhala uhlaka (isibonelo, olusabalazwe/olusamdwebo/iflowushadi/ olwamaphuzu amqoka, njll.). Uhlaka kumele lube NGAPHAMBI kwendaba, ekhasini lwalo lodwa.

6. Fundisisa ubuye ulungise amaphutha omsebenzi wakho. Umsebenzi obuzilungiselela kuwona, wukhansele kusale kuphela umsebenzi ozomakwa.

7. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

   ISIQEPHU A: Amaminithi angama-80
   ISIQEPHU B: Amaminithi angama-70

8. Bhala izinombolo zihambisane nezihloko njengoba zinjalo ephepheni lemibuzo.

9. Amagama esihloko awabalwa, kubalwa amagama empendulo kuphela.

10. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

## ISIQEPHU A: INDABA

### UMBUZO 1

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama angama-340 kuya kwangama-390.

1.1 Bhala indaba ngalesi sihloko esilandelayo.

Waqhamuka Ngomzuzu Wokugcina Seziyime Emthumeni. **[50]**

1.2 Bhala indaba ngalesi sihloko esilandelayo.

Izinkinga Ezidalwa Ukunyuka Ngamandla Kwentengo Kaphethiloli. **[50]**

1.3 Ngiyazigqaja Ngolimi Lwami Lomdabu.

Bhala indaba efakazela lesi sihloko esingenhla. **[50]**

1.4 Bhala indaba ngalesi sihloko esilandelayo.


Ubuhle Nobubi Bokuthatha Uhambo Olude Oluzothatha Impelasonto Yonke Niyizingane Zesikole. **[50]**

1.5 'Amazwi aphuma emlonyeni womuntu angakwakha noma akucekele phansi.'

Bhala indaba ngalesi sitatimende esingenhla uvumelane noma uphikisane naso. Yinike isihloko indaba yakho. **[50]**

1.6 Bukisisa lesi sithombe esingezansi bese ubhala ngaso indaba. Yinike isihloko indaba yakho.

1.6.1



[Sithathwe ku-Internet] **[50]**

## ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO

### UMBUZO 2

Phendula imibuzo EMIBILI kulesi siqephu.

Bhala ngamagama ayi-100 kuya kwayi-120.

2.1 **Incwadi Yomsebenzi**

Bhala incwadi eya kuMphathi wendawo yokudlela ukhononde ngokudla okungagculisi okudle esitolo sakhe okugcine kukugulisile. **[25]**

2.2 **I-ajenda kanye namaminithi omhlangano**

UnguNobhala wenhlangano 'ISIYATHUTHUKA' elekelela ekucijeni intsha ngamakhono ahlukahlukene. Beninomhlangano lapho benidingida izinhlelo zokuthuthukisa intsha yangakini.

Bhala **i-ajenda kanye namaminithi alo mhlangano**. **[25]**

2.3 **Umbiko obekelwe umgomo**

UnguSonhlalakahle emphakathini wangakini. UMnyango Wezenhlalakahle ukujube ukuba wenze uphenyo mayelana nokungaphatheki kahle kwabantu abadala emahhovisi athile omphakathi.

Bhala umbiko obekelwe umgomo oya eMnyangweni Wezenhlalakahle omayelana nalolu daba. **[25]**

2.4 **Umlando kamufi**

Umndeni enikhonza nawo wehlelwe yifu elimnyama lokushiywa uzinyobulala wawo. Ucelwe uMfundisi ukuba uwulekelele ekubhaleni umlando kamufi.

Bhala umlando kamufi ozofundwa ngosuku lomngcwabo wakhe. **[25]**

2.5 **Ingxoxo**

Bhala **ingxoxo** phakathi kukagogo kanye nomzukulu wakhe. Umzukulu ufuna imali ngenkani kugogo yokuya emcimbini wokuvalelisa abafundi bakamatikuletsheni. **[25]**

2.6 **I-athikhili yephephandaba**

Bhala i-athikhili yephephandaba, 'IZAQHEQHE', uxwayise umphakathi ngobungozi bokuthuma izingane sekuhlwile. **[25]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 50**
**AMAMAKI ESEWONKE: 100**